

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

02/2014 Intshumayelo ngesonto 02 esikhathini seAdvente, ngomhla ka 07. 12. 201

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kuLuk. 21:28, lithi: **"Lulamani, niphakamise amakhanda enu, ngokuba kusondele ukukhululwa kwenu!"**

1. Iculo 36/39

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Babawethu osezulwini, siphambi kobuso bakho nanamuhla ekuseni ukuzwa izwi lakho. Nkosi, akuthi-ke sisezakulizwa izwi lakho, usiphe uMOya wakho oNgcwele, asilondoloze ekukholweni okuqinisile, ukuze singahlalwa. Nkosi sisize, silindele ukuubya kweNdodana yakho, singabakholwayo, nezono zethu zihlanziwe ngegazi layo, isingenise ekuphileni okuphakade, eyasilungisela khona ngokufa nangokuvuka kwayo. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lolotshiwe ku-Isaya 63:15-19b; 64:1-3;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kuJakobe 5:7-8;

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuMathewu 24:1-14.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 303/230

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 21:25-33, lithi: "Kuyakuba khona izibonakaliso elangeni nasenyangeni nasezinkanyezini; nasemhlabeni usizi luyakwehlela izizwe, zixakeke ngokuduma kolwandle namaza, abantu baphele amandla ngokwesaba nangokubheka okuvelela umhlaba; ngokuba amandla ezulu ayakunyakaziswa. Khona bayakuyibona iNdodana yomuntu iza efwini, inamandla nenkazimulo enkulu. Kepha nxa kuqala ukuvela lokho, lulamani, niphakamise amakhanda enu, ngokuba kusondele ukukhululwa kwenu. Wabalandisa umfanekiso wokuthi: Bhekani umkhiwane nemithi yonke. Nxa isihluma, niyabona, nazi ngokwenu ukuthi ihlobo seliseduze. Kanjalo nani, nxa nibona lezozinto zenzeka, yazini ukuthi umbuso kaNkulunkulu useduze. Ngiqinisile ngithi kini: Lesisizukulwane asiyikudlula, kungakenzeki konke. Kuyakudlula izulu nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze adlula." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, sisemasontweni esikhathi seAdvente, okuyisikhathi lapho ibandla likaNkulunkulu likhumbula khona ukufika, ukuza kweNkosi yethu uJesu Kristu, eyeza kithi ngokuzalwa kwayo eBethelama, esaza kithi nanamuhla ngezwi layo nangamasakramente ayo angcwele, lapho isipha khona intethalelo yezono, neyakubuya ize kithi ngosuku lokuphela, isizokwahlulwelela abasahamba nabafuleyo.

Namuhla-ke sekuyisonto lwesibli esikhathini lesi seAdvente. Yebo, bandla, amazwi entshumayelo yethu yanamuhla siwafumana evangelini ngokukaLuka, lapho ibandla likaNkulunkulu likhunyuzwa khona ngokubuya kweNkosi.

Ngakho-ke lindani iNkosi uJesu izobuya.

1. Ukubuya kwayo kwandulelwa yizibonkalaiso.
2. Ukubuya kwayo kukhomba ukukhululwa kwethu.

1. Lindani iNkosi uJesu izobuya, **ukubuya kwayo kwandulelwa yizibonkalaiso.** Bathandekayo eNkosini, iNkosi uJesu izobuya, yikho esikuvumayo embhaphathizweni wethu, mhla sibhaphathizwa, yikho esikuvumayo ngosuku lomqiniso wethu, yikho esikuvumayo ngamasonto kuso isivumo senkolo, ngamazwi a thi: **"Lapho eyakubuya khona ezokwahlulela abasahmabayo nabafileyo."**

Bandla, kunjalo, iNkosi uJesu izobuya, sekuyavela umbuzo othi: Sizobona kanjani ukuthi ukubuya kwaNkosi sekusondele? Izwi lentshumayelo yethu yanamuhla liyaphendula lombuzo ngokuthi: "Kuyakuba khona izibonkalaiso elangeni nasenyangeni nasezinkanyezini; nasemhlabeni usizi luyakwehlela izizwe, zixakeke ngokuduma kolwandle namaza, abantu baphele amandla ngokwesaba nangokubheka okuvelela umhlaba; ngokuba amandla ezulu ayakunyakaziswa. Khona bayakuyibona iNdodana yomuntu iza efwini, inamandla nenkazimulo enkulu."

Bandla, nithini? Akunjalo yini? Ukuthi ukubuya kweNkosi kusondele, asesizibonile yini lezizibonkalaiso ezandulela ukubuya kwayo na? Ngithi: Ezithile sesizibonile, elangeni, enyangeni, ezinkanyezini, sesibonile okuningi okwenzeka emhlabeni: izifo ezingalapheki, ukufa okuningi kwabantu, naphakathi kwabasha, izimpi, ukuvukelana kwemibuso, ukuzamazama komhlaba, ukuhlubuka kwabantu, konke lokhu kungukuqala kwemihelo.

Bandla, kusekhona abanengi abangakaboni ukuthi lezizibonkalaiso zikhombani? Izwi lithi: Ukubuya kweNkosi kuyakwandulelwa yilezibonkalaiso. Maye, kulabo abangaboni nabaphikayo! Bhekani umkhiwane nemihti yonke, nxa sihluma, niyabona nazi ngokwenu ukuthi ihlobo seliseduze. Akunjalo na? Kanjalo nani, nxa nibona lezozinto zenzeka, yazini nani ngokwenu ukuthi umbuso kaNkulunkulu useduze, ukhona lapho kushunyayelwa ivangeli likaKristu. Ngakho-ke

2. Lindani iNkosi uJesu izobuya, **ukubuya kwayo kukhomba ukukhululwa kwethu.** Bathandekayo, sesizwile kuthi ukubuya kweNkosi kuyandulelwa yizibonkalaiso. Yebo, sesizibonile, kodwa thina amakholwa, uma sibona zonke lezizinto zenzeka, masingesabi! Izwi

lithi: "Lulamani, niphakamise amakhanda enu, ngokuba kusondele ukukhululwa kwenu," umbuso kaNkulunkulu ususondele. Yebo, bandla, siyakuyibona iNdodana yomuntu iza efwini inamandla nenkazimulo enkulu.

Lindani iNkosi iyabuya, ukukhulwa kwethu kusesondele. Bathandekayo lolusuku lokubuya kweNkosi luyakuba yintokozo enkulu kithina esikholwayo yiyo, ngoba kuyobe sekufikile ukukhululwa kwethu, kodwa kubo abngakhohlwanga yiyo, luyakuba usizi olukhulu, ngoba kubo kuyobe sekufikile ukwahlulelwa kwabo nokubhujiswa kwabo. Bandla, yikho okushiwo ngumprofethi uMalaki 4:1 ukuthi: "Luyeza usuku, kuvutha njengeziko; bonke abaziqhenyayo nabo bonke abenza okubi, bayakuba ngamabibi; luyakubashisa lolosuku oluzayo, usho uJehova Sebawothi, lungabashiyeli mpande nagatsha."

Makholwa, thina esikholwayo, masingalwesabi lolosuku, ngoba ukukhululwa kwethu kuyobe sekufikile, njengokusho futhi komprofethi uMalaki 4:2 ukuthi: "Kepha kinina enilesabayo igama lami, kuyakuphuma ilanga lokulunga, linokuphilisa emaphikweni alo, niyakuphuma nitshekule njengamathole esibaya."

Bafowethu, kunjani kithi? Siyakuba naso yini isibindi sokuma phambi kweNkosi ngalolosuku na? Siyakuthini, uma sibona lezizibonakaliso eziyakwenzeka ngalolosuku na? Ukuduma okukhulu kolwandle namaza, asiyikuphela amandla, sesabe, uma sibhka konke lokhu okuvelela umhlaba na, uma sibona amandla ezulu anyakaziswa?

Maye kini eingakhohlwanga nguJesu njengoMsindisi wenu! Phendukani, nikholwe, nibhathizwe egameni lomThathwemunye! Yikhona nani niyakusindiswa. Yebo, bandla, nathi esikholwayo nguKristu, asilinde, sikhuleke njalo, sibuthane enkonzweni ukulizwa izwi likaNkulunkulu ngamasonto onke, sidle umzimba kaKristu, siphuze igazi lakhe esidlweni esingcwele, ukuze sithethelwe izono zethu. Yebo, masilulame, siphakamise amakhanda ethu, ngokuba kusondele ukukhululwa kwethu. INkosi ithi: "Ngiqinisile, ngithi kini: Lesisizukulwane asiyikudlula kungakenzeki konke. Kuyakudlula izulu nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze adlula."

Bathandekayo, kuyiqiniso iNkosi izobuya, iqinisile, ayiqambi amanga, ayikaze iwaqambe amanga. Izwi layo liyiqiniso. Isho njalo, ithi: "Liyakuba njalo izwi lami eliphuma emlonyeni wami, aliyikubuyela-ze kimi, lingakafezi lokhu engikufunayo, liphumelele kulokhu eniglithumele kukho," Isaya 55:11.

UNkulunkulu uBaba wethu osezulwini, makasisize thina sonke esibuthene kulenkonzo namuhla, asiphe uMoya wakhe oNgcwele ukuba nathi silindele iNkosi uJesu, uma ibuya, ifumane singabakhohlwayo, nezono zethu zithethelelwe, sifunde ngalezizibonakaliso ezimandulelayo ukuthi uyeza useduze, ukukhululwa kwethu kusondele. Masijabule, zithokoze! Khona-ke nathi siyakulizwa lelizwi elimnandi nelithokozisayo elithi: "Zanini nina enibusisiwe

nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiswelyo selokhu kwasekelwa umhlaba, khona siyakwendlula ekwahlulelweni, singene ekuphileni okungapheliyo, lapho siyahlala neNkosi yethu, kuze kube phakade. Amen.

9.Umkhuleko: Nkosi, Nkulunkulu, Baba wethu othandekayo osezulwini, siyabonga, sibonga izwi lakho elingcwele esesilizwile nanamuhla. Nkosi, akuthi-ke sesilizwile izwi lakho, usiphe uMoya wakho oNgcwele ukuba nathi silindele njalo ukubuya kweNdodana yakho ngosuku lokugcina, singabakholwayo, usihlangabeze usihole usingenise ekuphileni okungaphaeliyo ngayo iNdodana yakho ethandekayo, uJesu Krsitu, uMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 33/36

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyi zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-F. J. Mtshali.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.